Job creation • Education • Health • Quality basic services • Human settlements & local government • Ethical and developmental state • A better Africa and World

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS) English/isiZulu Mandulo 2019 Ushicilelo I

Bead worker embraces her heritage

Page 9

Basic Education gives matriculants a second chance

Page 12

JOBS INSIDE:

Black Mambas strike poachers

THE WOMEN-LED BLACK MAMBA

Anti-Poaching Unit is a poacher's worst nightmare as they relentlessly patrol fences, look for snares and remain alert to any threats to the wild animals they are dedicated to protecting.

Image: Fleur Beemster

The Black Mamba Anti-Poaching Unit is the first majority female anti-poaching unit in South Africa.

It was established in 2013 by conservationist and field ecologist Craig Spencer, Managing Director of Transfrontier Africa NPC, to protect the Olifants West Region of Balule Nature Reserve.

They are part of the Department of Environment, Forestry and Fisheries (DEEF)

• Cont. on page 2

2030 NDP

ALSO AVAILABLE ON:

ANDROID APP ON Google play

Available on the App Store

@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

CONTACT US

Website: *www.gcis.gov.za*
www.vukuzenzele.gov.za

Email: *vukuzenzele@gcis.gov.za*
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE

Ukusheshe kutholakale umdlavuza wesibeletho kusindisa izimpilo

KUSUKELA EMINYAKENI YOBUDALA YAMA-20, abesifazane kumele baye njalo ukoyokwenziwa ama-*pap smear* ukuze kutholwe umdlavuza wesibeletho ngaphambi kokuba kube nzima ukuwelapha. Lo ngumyalezo wabesifazane esiwusabalalisa Ngenyanga Yokuqwashisa Ngomdlavuza Wesibeletho ngoMandulo.

Silusapho Nyanda

Abesifazane kumele benze ama-*Pap smear* njalo emitholampilo yangakubo, ukholelwa kulokho osinde kumdlavuza wesibeletho.

UZibulani Dlamini* (oneminyaka engama-45) wathi ukuba wayenolwazi olwanele ngomdlavuza, ngabe wahlolwa ekuqaleni.

"Uma uhlala unobuhlungu ngezansi nesisu, kumele uyohlolwa. Ezinye izimpawu ukopha ngesikhathi kanye nangemuva kokuya ecansini, ujungujungu oluphuma esithweni sangasese kungalindelekile, ukuya esikhathini ngesikhathi okungalindelekile ngaso kanye nobuhlungu obukhulu ngesikhathi usesikhathini," kusho yena, exwayisa ngokuthi kwabanye abantu besifazane, akukho zimpawu nhlobo, yingakho kubalulekile ukuhlolwa njalo.

Ngokwe-Cancer Association of South Africa (i-Cansa), umdlavuza wesibeletho wenzeka kumaseli asemlonyeni wesibeletho lapho kuxhumana isitho sangasese somuntu wesifazane nesibeletho.

"Uwumdlavuza wesibili ovamile kwabesifazane baseNingizimu Afrika futhi ubangelwa kakhulu yi-*human papilloma virus*, igciwane elivamisile elisatshalaliswa ngokuthintana kwesikhumba nesikhumba, uketshezi oluphuma emzimbeni kanye nokuya ocansini," kusho i-Cansa kusizindalwazi sayo.



Ngokwe-Cansa, ukusheshe kutholakale umdlavuza wesibeletho kwandisa amathuba okwelashwa futhi kungasheshe kuvimbele ukuguquka ngokushesha kwamaseli esibeletho abe wumdlavuza.

UDlamini watholakala ukuthi unomdlavuza ngoMbasa 2018 ngemva kokuya emtholampilo ngenxa yobuhlungu ngezansi nesisu kanye nakunkimfi.

NGABE BEWAZI?

- **Yenziwa mahhala i-*Pap smear* futhi ingenziwa kunoma yisiphi isikhungo sezempilo esifana nomtholampilo noma isikhungo sezempilo somphakathi.**
- **Abantu abanomdlavuza wesibeletho kanye nabantu besifazane abafuna ukwazi kabanzi ngesifo bangathinta i-Cancer Association of South Africa ku: 0800 22 66 22.**

Wathi imiphumela yakhe ye-*pap smear* yabuya emva kwenyanga wase edluliselwa esibhedlela sendawo, nesamdlulisela e-Nelson Mandela Academic Hospital eMthatha lapho atshelwa khona ukuthi unomdlavuza wesibeletho.

"Odokotela bangitshela ukuthi ngenxa yokuba mandla komdlavuza, kwakungcono ukususa sonke isibeletho ukuze bavimbele ukuthi usabalalele nakwamanye amalungu."

UDlamini uthi kudingeka ukuthi kube khona umkhankaso wokufundisa abantu besifazane kabanzi ngomdlavuza wesibeletho, ukuthi unomthelela kanjani kubantu besifazane nokuthi bangayokufuna kuphi ukwelashwa.

"Abantu besifazane abasola ukuthi kukhona okungahambi kahle kumele bafune usizo lwezempilo ngaleso sikhathi," kuphetha uDlamini.

*** UZibulani Dlamini akulona igama lakhe langempela.**

I-NHI: Sekusele kancane ukuthi wonkhe umuntu athole izinsizakalo zezempilo eziseqophelweni eliphezulu

Umthethosivivinywa obubhekwe ngamehlo abomvu Womshwalense Wezempilo Kazwelonke (i-NHI) usukhishwe ngokusemthethweni yiPhalamende – ngaleyo ndlela-ke umphakathi uzothola ithuba lokubamba iqhaza uxoxisane ngawo.

Ukukhishwa Komthethosivivinywa kusondeza iNingizimu Afrika ekuqaliseni i-NHI.

UMthethosivivinywa usayinwe Ungqongqoshe Wezempilo, uDkt. Zweli Mkhize, futhi wemukelwa yiKhabhinethi ngoNtulikazi.

Nge-NHI uhulumeni ufuna ukufeza isibophezelo sakhe sangokomthethosisekelo sokuhlinzeka ukunakekela kwezempilo jikelele okuseqophelweni eliphezulu lwabantu bonke njengalokho kuphokophelwe Yisigaba 27 soMthethosisekelo kanye Nemigomo Yentuthuko Esimeme (ama-SDG) Yenhlangano Yezizwe (i-UN).

I-NHI iphokophele ukuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zaseNingizimu Afrika, abazinze kuleli ngokugcwele, ababalekele kuleli, iziboshwa, abokufika kuleli ababaluliwe kanye nazo zonke izingane bazothola izinsiza zezempilo.

Izikhungo zezempilo zokwelwapha izifo ezijwayelekile ezifana nemitholampilo noma odokotela abelapha zonke izifo zizoba yizindawo zokuqala abaya kuzo abantu uma bedinga izinsizakalo zezempilo. Izinsiza zezempilo zizoba mahhala kulezi zikhungo.

"Sesiside isikhathi uhlelo lwethu lwezempilo luqhutshwa ngendlela engakwazi ukugcineka futhi engenabo ubulungiswa. Uhlelo lwezempilo lukahulumeni beluthwele umthwalo omkhulu ngokuphathelene nomthwalo wezifo kuleli lizwe, ngokubhekelela abangama-84% besizwe sethu ngezinsiza ezincane uma kuqhathaniswa nohlelo lwezempilo oluzimele olunikeza ngezinsiza ebantwini abayi-16% kuphela," kusho Ungqongqoshe uMkhize.

I-NHI iphokophele ukulandela ezinyathelweni zamazwe afana ne-Britain kanye ne-Japan nawo aqalise izinhlelo zawo ezifana nalolu.

NGABE BEWAZI?

- **Kulindeleke ukuthi i-NHI ibize imali ezigidi zezigidi ezingama-256 zamarandi.**
- **I-NHI izobe isiqaliswe ngokuphelele ngowezi-2026.**

Ngabe isebenza kanjani i-NHI?

Nge-NHI, umuntu uzobhaliswa njengomsebenzisi we-NHI. Kuzodingeka ukuthi abantu ababhalisiwe baye ezikhungweni zezempilo ezelapha izifo ezijwayelekile ezifana nemitholampilo noma odokotela abelapha zonke izifo nezizosebenza njengezikhungo zokuqala ekutholwa kuzo izinsizakalo zezempilo.

Uma esesikhungweni sezempilo sezifo ezijwayelekile, umsebenzi wezempilo uzonquma izinga lokunakekela elidingeka esigulini futhi uma kunesidingo adlulisele isiguli ukuze siphinde siyokwelashwa.

Abantu bazothola izinsizakalo zezempilo nokwelashwa mahhala kodwa uma umuntu esiya ngqo kungoti wezokwelapha uzokhokha.

Kwenzekani ezikimini zensiza yokwelapha?

Ngaphansi komthethosivivinywa, izikimu zensiza yokwelapha zizopheliswa kancane kancane njengethulusi elibalulekile lokuthenga izinsizakalo zezempilo - zigcine zingasekho.

Izikimu zensiza yokwelapha zizobe-ke sezisebenza njengensiza yokusekela i-NHI. Insiza yokusekela i-NHI izohlinzeka ngezinsiza ezingekho ohlwini le-NHI ezifana nokuhlinzwa ngenhloso yokwenza umzimba ube muhle.

"Bonke abantu baseNingizimu Afrika bazothola izinsizakalo zezempilo eziseqophelweni eliphezulu mahhala,' kusho uMkhize. – SAnews.gov.za